# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *29/2013: Intshumayelo ngomkhosi wePhentekoste, ngomhla ka 19. 05. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 133/115

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ophilayo, Mninimandla-onke, wagcwalisa isithembiso sakho ngokuthuma uMoya oNgcwele ukuhlanganisa abafundi ezizweni zonke esiphambanweni nasekuvukeni seNdodana yakho uJesu Kristu. Ngokushumayela ivangeli mawusakaze lesabelo kuze kube sekugcineni komhlaba ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu ophila, ebusa kanye nawe noMowa oNgcwele, Nkulunkulu oyedwa, kwamanje naphakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izE. 2:2:1-18;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 14:23-27.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 134/116

6. Umkhuleko Woza Mowa oNgcwele, uvule izindlebe, ukhanyise izinqondo, ushumayele izwi ukuba ukukholwa kwethu kuqiniswe, futhi sivuselelwe ukubonga njalo amasu akho omusa. Amen.

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuNumeri 11:11-12,14-17,24-25, lithi: "UMose wathi kuJehova: Uyiphatheleni kabi inceku yakho na? Angifumananga ngani umusa emehlweni akho ukuba ubeke umthwalo wabo bonke lababantu phezu kwami na? Ngakhulelwa bonke lababantu yini, ngabazala, ukuze uthi kimi: Bagone ngasesifubeni sakho njengomondli egona umntwana oncelayo, ubayise ezweni owalifungela oyise, na? ... Anginakuthwala bonke lababantu ngedwa, ngokuba kuyangisinda. Uma ungiphatha kanje, ake ungibulale nokungibulala, uma ngifumene umusa emehlweni akho; mangingaluboni usizi lwami. UJehova wakhuluma kuMose, wathi: Ngibuthele amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga akwaIsrayeli, owaziyo ukuthi angamalunga abantu nezinduna zabo, uwalethe etendeni lokuhlangana ukuba eme khona nawe. Ngiyakwehla, ngikhulume nawe khona, ngithathe okomoya ophezu kwakho, ngikubeke kuwo; ayakuthwala umthwalo

wabantu kanye nawe, ukuze ungawuthwali wedwa. ... UMose waphuma, wabatshela abantu amazwi kaJehova; wabutha amadoda angamashumi ayisikhombisa amalunga abantu, wawamisa ngasetendeni nxazonke. UJehova wehla ngefu, wakhuluma kuye, wathabatha okomoya ophezu kwakhe, wakubeka kumalunga angamashumi ayisikhombisa; kwathi umoya esahlezi kuwo, aprofetha, kepha awaze akuphinda." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo kuKristu, ezindaweni ezimbili zeTestamente elisha leBhayibheli lakhe uNkulunkulu uyachaza ukuthi wasilobelelani amazwi akhe eTestamente elidala ayizwi lentshumayelo yanamuhla. Kuqala usho ku-1 Kor. 10:11, uthi: Lezozinto zabehlela (abantwana bakwaIserayeli) ... ukusiyala thina. Ngalawomazwi uNkulunkulu uyathanda ukuba sazi ukuthi lawomazwi siwalotshelwe ukuba **sifundiswe okudingeka impela**. NakuRom. 15:4 uNkulunkulu uthi: "Konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo **sibe-nethemba**." Ngalawomazwi uNkulunkulu uyakutshela ukuthi kwenziwani ukuthi uNkulunkulu ubizelani kuwe namuhla ukuba ulalele lelizwi leTestamente elidala, nokuliqaphela impela. UNkulunkulu ukukwabela isikhuthazo, amandla, nethemba njengalabaya ababesho ukuthi: "Manje umphefumulo wethu usuwomile; akukho-lutho imela; ngaphandle kwalelimana akukho-lutho emehlweni ethu," (indima 6).

Kwakuyibo ababehlengwa nguNkulunkulu esandleni sikaFaro. Babekhonona kanjalo phambi kukaMose. UNkulunkulu wathi babemkhonona phambi kwakhe. Ukukhonona okunjalo kwamehlula uMose. Ngakho wacela usizo kuNkulunkulu. Khona-ke uNkulunkulu watshela uMose ukuba akhethe amalunga angu-70, ukuba eme phambi kwakhe etendeni lokuhlangana. UNkulunkulu wafika, wathatha uMoya owayekuMose wawunika laba abangu-70 ukuba basize uMose. Kanjalo-ke baqala ukuprofetha nabo.

Uma silinganisa lokho nakho okwenzekile ngomkhosi wePhentekoste, siyabona ukuthi uNkulunkulu wathulula uMoya ofanayo kubafundi bakaKristu, bese beqala nabo ukuprofetha, ukushumayela. Babeshumayelani na? Babekhuluma ngemisebenzi yamandla kaNKulunkulu. Babememeza ivangeli ngezilimi ezahlukeneyo zabantu ababekhona eJerusalema ngalelolanga, bezizwe zonke eziphansi kwezulu, (izE. 2:5). Kwakumangalisa kakhulu, ngokuba bonke babezwa ngolimi lwakubo ivangeli. Yikho okwakwenziwe nguMoya oNgcwele, kusenziwa nguye nanamuhla. Uyapha abantu ukushumayela ivangeli likaKristu, nokuvula ingqondo yabantu ukuba balizwe, baliqonde. Phezu kwalokhu uyabela amasu ukuba

imisebenzi yamandla ayenziwa nguKristu iqondwe, yamukelwe ngokukholwa. NgoPhentekoste wasiza kanjalo ngokubapha abafundi izilimi ukuba ababekhona baphumelele ukubezwa.

Kodwa nangePhentekost kwakungathinti bonke abakuzwile nabakubonile. Abathile babebhuqa bathi: Abafundi babegcwele iwayini. Noma abafundi babamukela uMoya oNgcwele ngesibonakaliso sasezulwini, kwakukhona abaningi ababengakholwa okwenzekileyo. Nokho abaningi babelalela intshumayelo kaPetru owagcizelela ukuthi kwagcwaliswa isithembiso sikaJoweli ngokuthululwa kukaMoya oNgcwele phezu kwabantu. ETestamenteni elidala okwaboniswa ngaphambili ngamalunga angu-70 ayesiza uMose ayeprofetha kuphela isikhashana nje etendeni lokuhlangana. Ukuprofetha kwabo kwaphela khona lapho, kodwa kuhlukene ngoPhentekoste. Ukushumayela kwePhentekoste kwaqhutshwa, kusaqhutshwa nanamuhla.

Kusekhona inhlukano enkulu phakathi kwakho okwaboniswa ngaphambili eTestamenteni elidala nakho okwagcwaliseka eTestamenteni elisha: ETestamenteni uMoya oNgcwele wathululwa phezu kwabathile nje. Ukuthululwa kwalesosikhathi kwakungaqhubeka. NgePhentekoste kuhlukene. UMoya oNgcwele wathululelwa phezu **kwenyama yonke**. Amadoda akholwayo ayevela **ezizweni zonke eziphansi kwezulu** ayehlangana ngalelolanga ngokwentando kaNkulunkulu. Nokho siyabuza sithi: Ukuthululwa kukaMoya oNgcwele kwakwenzeka kanjani ngalelolanga, kusadluliselwa kanjani kuze kube namuhla na? UMoya oNgcwele wathululwa phezu kwabafundi, mhla kwezwakala inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, eyagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo, kwabonakala kubo izilimi ezahlukenenyo kungathi ezomlilo, ezahlala phezu kwalowo nalowo kubo.

Okunjalo akusaqhubeka. Kwenzekile kanye kuphela. Izilimi ezomlilo zazingahalakasheli kubo abayizinkulungwane ezintathu ababebhapathizwa ngalelolanga. Esikhundleni sokwenzeka ngalendlela kwenzekile ngombhapathizo ukuba labo bamukeliswe isipho sikaMoya ngawo. Yiwo ungamasu amisiwe nguMoya oNgcwele ukuba inyama yezizwe zonke yamukele uMoya oNgcwele kaNkulunkulu ngawo, njengalokhu uJesu eyalile abafundi bakhe ukuba benze abantu bezizwe zonke abafundi bakhe ngokubabhapathiza, nangokubafundisa. Yikho okenzekayo kusukela kulesosikhathi sePhentekoste, kuze kube namuhla.

Nawe nami siyizithelo zalomsebenzi wamandla kaNkulunkulu osaqhutshwa ngabantu bakhe nangamasu akhe kuze kube namuhla. Ubhathiziwe egameni likaKristu. Uzwile ivangeli ngolimi

lwakini. Wamukela uMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Ngamasu lawa ngamanzi uNkulunkulu wenzile isimangaliso esingaka. Kubo abangenankolo wadala ukukholwa, nakuwe. Usalondoloza ukukholwa ngamasu kaMoya oNgcwele, ngentshumayelo yezwi nangokwamukelisa amasakramente. Kanjalo amasu lawa angamasu kaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele manabele amehlo okubona lokhu. Kanjalo-ke izwi lentshumayelo elikhishiwe eTestamenteni elidala lithanda ukusixwayisa, nokusigqugquzela ukuba singadeleli amasu omusa amisiwe nguNkulunkulu, njengalokhu sisahamba lapho emhlabeni ofana nehlane lapho abantwana bakwaIserayeli bebehambahamba khona.

Umhlaba nenyama ishesha ukudinwa ngamasu kaMoya oNgcwele, ifuna okuyalisayo, okuthokosisayo amehlo, ungathi ifuna ushukela wamehlo obilisiwe. Abantu bafuna ukushisekela, njalo kube khona into entsha ethi: Siki! Kodwa uNkulunkulu wandisa ibandla labafundi abangu-12, libe ikerike lomhlaba wonke kamasu akhe omusa. UMoya oNgcwele makasikhanyisele namuhla ukubona ngokusha amandla amakhulu amasu omusa kaNkulunkulu ayekhethwa nguye ukufeza umsebenzi wakhe wobuthunywa. Akasigqugquzele ukuba siwabonge ngenhliziyo yonke. Noma abanye bakhonona ngawo, noma bewadelela ngokungathi awasizi lutho, thina masiduduzeke ngokwazi ukuthi: Ngokwempela mina nawe sabelwa uMoya kaNkulunkulu owayethululelwa phezu kwamalunga angu-70, nakuye uMose ngalelolanga, nguye loMoya owayethululwa phezu kwabafundi bakaJesu naphezu kwabayizinkunglwane ezintathu ngosuku lwePhentkoste.

Kungokuthokozisayo impela. Yiwo ongumsebenzi kaNkulunkulu omkhulu owenziwe kithi, nakanye nathi, nangathi lapho ivangeli likaJesu Kristu liqhutshwa khona egameni lakhe uJesu Kristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Baba, Ndodana, Moya oNgcwele, Nkulunkulu othandekayo, masithethelele lapho sidelela amasu akho omusa khona, lapho singawahloniphi ngokwentando yakho khona. Mawusikhanyise ngezwi nangoMoya wakho, usabele uthando lokuthanda lezipho zakho. Mawuvuselele ukubonga izwi namasakramente akho, siwasebensise ngokuthembeka okukhulu. Udumo, nentumiso, nenhlonipho kungokwakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 135/117

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-K. H. Schnackenberg..

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.